Izidalwa Zomoya—Indlela Ezisithinta Ngayo
(Ingxenye 1)

Isekelwe esahlukweni 10 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* etholakala engosini ethi jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, hlola nalokho okufundiswa iBhayibheli, futhi ubone ukuthi ungazichaza kanjani izinkolelo zakho kwabanye.



ZIYINI IZINGELOSI?

1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Abanye abantu bangase bathini?

Yini *wena* oyikholelwayo?

Kungani ukukholelwa lokho?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

2 HLOLA LOKHO OKUFUNDISWA IBHAYIBHELI

Izingelosi ziyizidalwa zomoya ezinamandla, ezihlakaniphile nezinemizwa.
(Bheka isahluko 10 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli,* izigaba 1-5.)

Funda uJobe 38:4-7, iHubo 103:20 noLuka 15:10.
La mavesi abonisa kanjani ukuthi izingelosi zinamandla, zihlakaniphile futhi zinemizwa?

Funda uDaniyeli 6:22 nezEnzo 12:6-11.
Izingelosi ezithembekile zabasiza kanjani abantu bakaNkulunkulu esikhathini esidlule?

Izingelosi ziyajabula ngisho nalapho kuphenduka umuntu oyedwa vo.—Luka 15:10

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

Akuzona zonke izingelosi ezithembekile.

(Bheka isahluko 10 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli,* izigaba 6-8.)

Funda isAmbulo 12:9.

Ngokwaleli vesi, ingabe uSathane uDeveli uwukuphela kwengelosi eyahlubuka?

Funda uGenesise 6:2.

Amademoni amhlubuka kanjani uNkulunkulu?

Funda iHubo 34:7.

Kukwenza uzizwe kanjani ukwazi ukuthi uNkulunkulu usebenzisa izingelosi ezithembekile ukuba zisivikele ezingelosini ezifuna ukusilimaza ngokomoya?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

3 CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA UMUNTU ETHI . . .

Azikho izingelosi.

UNGASE UPHENDULE . . .

Cishe abantu abaningi bangavumelana nawe. Kodwa mina angikukholelwa lokho ngoba . . .

_____

_____

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

UMA OTHILE ETHI . . .

Angikaze ngiyibone ingelosi, ngakho izingelosi azihlangene nhlobo nokuphila kwami.

UNGASE UPHENDULE . . .

Yiqiniso ukuthi izingelosi azisabonakali kubantu njengasezikhathini zeBhayibheli. Kodwa ngikholelwa ukuthi *ziyakuthinta* ukuphila kwethu ngoba . . .

_____

_____

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania